

INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULWA KOMGWAQO NEBHULOHO ENSONGWENI KWANONGOMA MHLAKA 14 JANUARY 2010.

Mphathi wohlelo;

Amakhosi aseNdlunkulu akhona;

Amalungu esiShayamthetho;

IMeya yoMkhandlu;

Izinduna;

Amakhansela;

Izisebenzi zoMnyango ziholwa iNhlako yoMnyango uHlabisa;

Amalungu ezinhloko esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambeke;

Abezindaba;

Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Ngaphambi kokuba ngigxile kakhulu odabeni esize ngalo namhlanje lapha, ngithanda ukuqala ngokudlulisa ukubonga egameni likaHulumeni wesifundazwe noMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi kubo bonke abantu bakithi abenze isiqiniseko sokuthi sidle amaholide esiphuma kuwona ngokuthula nokuphepha.

Nakuba kusiphatha kabi ukuthi zisenengi izingozi zomgwaqo ezibikiwe ngamaholide kanti nendawo yangapha KwaNongoma ingenye yezithintekile kakhulu, kodwa siyazi futhi ukuthi baningi abantu abaziphathe kahle njengoba amaphoyisa endawo ethi aziziningi izehlakalo zobugebengu ezibikiwe KwaNongoma ngaphandle kwalaba abagajwa wuphuzo bese beyalwa kugcine kuvulwe amacala.

Mhlambe yizo lezi zinto ezisinika ithemba lokuthi abantu bakithi abanengi sebeyaqonda manje ukuthi kumele baziphathe kanjani uma sizimisele ngokwakha isizwe esiphumelelayo. Sithi-ke siyabonga kubantu bakithi, we thank you.

Lo mcimbi wanamhlanje ungowokuqala onyakeni ka-2011 ukuba uMnyango wezokuThutha udlulisele ngokusemthethweni ingqalasisizinda emphakathini. Mhlambe-ke singasho ukuthi siqale kahle njengoba siqale khona lapha ehlalankosi. Cishe umsebenzi wethu walo nyaka usubusisekile wonke.

Njengoba iNhlako yoMnyango uHlabisa esesinikile isithombe ngemisebenzi yentuthuko yemigwaqo kule ngxenye yesifundazwe, usuku lwanamhlanje ngolokuthi sizobongela umphakathi walapha sithi halala ngokuthi nibone ushintsho ezimpilweni zenu ngesikhathi sokuphila kwenu (in your lifetime).

Kodwa futhi usuku lwanamhlanje ngolokuthi sizobonga kinina mphakathi ngokubambisana noHulumeni nivume ukuthi kungene izinhlelo zentuthuko esikhuluma ngazo. Phela kuyiqiniso ukuthi uma kungekho ukubambisana ayikho intuthuko eqhubekayo.

Mhlambe umuntu kumele adlule ekuchazeni ukuthi njengoHulumeni kuwusiko lwethu uma kunomsebenzi wengqalasizinda osuphothuliwe ukuthi kumele siwudlulisele ngokusemthethweni emphakathini okungowawo. Kumele sisho phela emphakathini ukuthi sesisebenzise imali engakanani kwasizakala abantu abangakanani ngamathuba emisebenzi nokuthi zizoshintsha kanjani izimpilo zabantu ngaleyo ngqalasizinda.

Okusempeleni kuyilungelo lenu ukwazi ngesimo somsebenzi wentuthuko oqhubekayo endaweni yenu njengoba nenqubo yentando yeningi esakhelwe phezu kwayo iyakugcizelela ukuthi abantu kumele babe yingxenye yezinhlelo ezilethwa kubona, esithi i-*participatory democracy*.

Sikuchaza lokhu ngoba phela njengoba siphila ezweni elinenkululeko kwezepolitiki lapho abantu benelungelo lokusho abakuthandayo, kuvamile nokuthi abanye bagcine sebelisebenzisa budedengu lelo thuba, bafake nepolitiki yobuqembu nalapho ingadingeki khona.

Ngingasayiphathi-ke eyokuthi njengoba kuza ukhetho loHulumeni baseKhaya nje, sekuzobakhona abagxeka ukuza kukaHulumeni kubantu ngoba bethi kuyingxenye yokuzigayela ivoti. Kodwa esikwaziyo thina ngukuthi imigwaqo namabhuloho esiwadlulisele emphakathini kusuke kuhlelelwe kusenesikhathi futhi kungabhekiwe ukuthi kunokhetho noma alukho.

Thina-ke kweyethu inhlangotho asifundiswanga ukucasha ngesithupha, uma sekuyisikhathi sokugaya ivoti sizofika nje lapha siyichaze kahle indaba yethu. Kodwa phela siyakhlonipha nokuthi abantu bakithi bahlakaniphile bayakwazi ukusheshe bazibonele indlela okuyiyo okumele bayithathe ngaphambi kokuthi baze bazochazelwa. Esingahambisani nakho ngukuthi abantu bakithi baphoqwe noma basatshiswe ngento abangahambisani nayo.

Sithi-ke namhlanje sizohalalisela umphakathi wasoSuthu ngaphansi koNgangezwe lakhe noHulumeni onezindlebe futhi ozwayo. UHulumeni wethu wakuzwa ukukhala komphakathi ngesimo obubhekene naso sokuthi impilo ime nse njalo uma izulu linile ngenxa yokungakwazi ukuwela umfula.

Sithi uHulumeni ubengeke avume ukuthi ikusasa lezingane zaseNsonyane Primary, eFalaza High naseQueen KaMsweli Primary lishabalale ngenxa yokungabikhona komgwaqo nebhriji okuzokwenza abantwana bethu nothisha babo bafinyelele kalula ezikoleni. Mhlambe umuntu akathathe leli thuba ababonge nothisha abasebenza kulezi zindawo ezinezinselelo kanje. Vele uma kwakhiwa isizwe bayadingeka abantu abazinikela njengani. Sibonga kakhulu. Thank you.

Lo mgwaqo esiwuvula namhlanje uthathe u-3.2 km ukusuka kulo mgwaqo ongenhla kwethu u-D1820 kuya eNsonyane Primary. Usuwonke umsebenzi udle isamba sika-R4 million. Kunosonkontileka abasafufusa ababili abahlomulile kanti abalelwa ku-40 amathuba emisebenzi adalekile ngesikhathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha.

Okusempeleni nje siyabonga ukuthi sesiwabonile amathuba emisebenzi eya ngokwanda kulezo zindawo okwenziwa khona imisebenzi yengqala-sizinda yomgwaqo. Ngikhuluma nje, osonkontileka baku-Stage 1 lapha eCost Centre yas'Olundi sebehlomule kakhulu baze bafinyelela ekutheni babe ngosonkontileka bezinkampani ezinkulu. Ezinye izinkampani zokwakha seziqashe abantu bendawo ngokuphelele okuyinto esizigqajayo ngayo ukuthi niwathathela phezulu amathuba aqhamuka noHulumeni enamkhethayo.

Ngakho-ke sithatha leli thuba ukubongela imiphakathi yaKwaNongoma naseZululand yonkana ngazo zonke izinhlelo zentuthuko esizitholile nesazozithola. NjengoHulumeni ngaphansi kobuholi bukaMsholozizi kuzwelonke noKhabazela esifundazweni, siyaziqhanya ngani ngokusebenzisana noHulumeni ukwenza izimpilo zenu ukuthi zibe ngcono.

Mangiphethe ngokuphinde nginibonge nonke njengomphakathi ngokuba yingxenye yalo mcimbi. Ngiphinde futhi ngigcizelele ukuthi njengoba sibheke okhethweni nje, kumele nazi ukuthi phela kunezinsalelo esibhekana nazo ezweni lethu njengoba kunamaqembu aphikisanayo kwezepolitiki. SiwuHulumeni sithi singabhekana kalula nazo lezi zinsalelo uma ukusebenza kwethu kuhlale njalo kuqhakambisa ukuthula, intando yeningi nentuthuko.

Angeke kube nentuthuko uma kunezimpi. Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu akayifuni intuthuko.

Ngiyabonga